

ABAKWA-SARS BAMEMEZELE R1 216.6 BILLION NJENGOMPHUMELA WESIHASHANA WEMALI ENGENILE

Pretoria, 03 kuMbaso 2018 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lunentokozo yokumemezela inani elingu-R1216.6 billion kunyakamali wezi-2017/18. Kumele kuqashelwe ukuthi lena imiphumela yesikhashana, okusamele icwaningwe okokugcina. Abakwa-SARS baqoqe inani elingu-R1451.0 billion elancishiswa izimali ezibuyiswayo ezingu-R234.3 billion, okwaholela ekusaleni kuka-R1216.6 billion.

Imali engenile ngu-R0.7 billion (0.06%) ongaphansi kwesiLinganiso esiBuyekeziwe esamenyezelwa uNgqongqoshe weziMali kuNhlolanja 2018 ngenkathi ethula inkulumbo yeSabiwomali. Kuveza ukukhula kuka-R72.4 billion (6.3%) uma kuqhathaniswa nonyakamali wezi-2016/17.

Imali engenile incike esimweni somnotho, izinqumo ezenziwa umgomo wezimali, ukwenganyelwa kahle komsebenzi kanye nokuthobela umthetho wentelo noma ukuziphatha kahle ezindabeni zentela. Yize ukusebenza kwanoma yikuphi ukuphathwa kwentela kuncike kwezomnotho, okunye okunesandla kuba ukwethemba amabhizinisi nabathengi, ukuziphatha kahle ezindabeni zentela kanjalo nokuthembeka ekwenganyelweni kwentela.

Unyaka wezimali ka-2017/18 wawunamaphethini acicile nasobala okukhula. Kuze kube uZibandlala 2017, izinga lokukhula kwemali ikhule ngo-6.2% unyaka nonyaka. Ngesikhathi sikaZibandlala kuya kuNhlolanja 2018, ukukhula kwemali engenayo, njalo ngenyanga kunyukile kwaya phakathi kuka-9.5% kanye no-15.5%, okuqinise ukukhula konyaka nonyaka ngo-7.3%. Lokhu kuqina kwemali engenayo ngalezi zinyanga ezi-3 kubangelwe:

- Ukuthuthuka ekwethemba ibhizinisi kwaba semazingeni agcina ukubonwa ngonyaka we-2015, okuthuthukise inzuzo kanjalo nezinkokhelo zesikhashana;
- Ukuqina kwamanani empahla, okunyuse intela yemali engenayo yezinkampani ikakhulukazi embonini yezimayini ngenyanga kaZibandlala wezi-2017;
- I-Purchasing Manager's Index (PMI) ezeze ukuvuka embonini yokukhiqiza, okwenze ukuthuthuka kwentela yemali engenayo yenkampani (CIT) kule mboni.
- Ukuqina kwemali ekupheleni konyaka wezi-2017 kuzilekelelele izinkampani ezingenisa izimali ezweni, okusize izintela zokuhweba.

Ukuvuka kancane kokwethemba amakhasimende kuholele ekwehleni kwe-VAT yempahla yasekhaya. Ngenxa yalokho, i-VAT yempahla yasekhaya ikhule ngezingu-4.5%, okungaphansi kokukhula okuwu-8.1% okwabonakala onyakeni owedlule. Ukwethemba ibhizinisi kusazosho ukunyuka kwesibalo esiphezulu semisebenzi kanjalo nokunyuka okubonakalayo ezimali zemiholo. Ngenxa yalokho, i-Pay-As-You-Earn (PAYE), abanesandla esikhulu kuphothifoliyo yakwa-SARS yentela, ibe ngu-8.6% okungaphansi kakhulu kwamazinga angu-9.2% abonakala eminyakeni emibili eyedlule.

Izimali eziquqiwe ezingenayo, njalo ngenyanga, zehlile kuNdasa 2018, okwehlise ukukhula kuka-6.3% ngonyaka. Izintelo zezabelo zehle ngo-R3.9 billion uma kuqhathaniswa nonyaka owedlule. Ngonyaka owedlule, izinkampani zazilindele ukunyuka kwentengo yentelo yezabelo, okushintshe kusuka ku-15% kwaya ku-20% kusukela mhla zingama-22 kuNhlolanja wezi-2017 okudalulwe njengezabelo eziphezulu. Ngenxa yobufishane benyanga yokusebenza ngenyanga kaNdasa, uMnyango wokuThelisa kwafuneka ukuba uvale izitatimende zawo ezinsukwini ezimbili ngaphambi kwesikhathi esijwayelekile okwadlulisela cishe R1.8 billion wawela kunyakamali olandelayo. I-VAT yempahla yasekhaya yamabhizinisi amakhulu yehlile ngoNdasa 2018, yasuka endleleni yokukhula eyayisungulwe onyakeni.

Le mithombo emikhulu yemali engenayo ebe nesandla ku-R1216.6bn kube yi-Personal Income Tax (PIT), Value-Added Tax (VAT) kanye ne-Company Income Tax (CIT).

- PIT ifake u-R462.5 billion (38.0%)

- VAT ifake R297.8 billion (24.5%)
- CIT ifake R220.2 billion (18.1%)
- Umnyango wokuThelisa ufake R49.4 billion (4.1%)

Minyaka yonke abakwa-SARS baqala isinyathelo sokunyusa ukuqoqwa kwemali engenayo. Uhlelo lwesikhathi esifishane i-Special Voluntary Disclosure Program, lwaqalwa ukunika abakhokhintela ithuba lokudalula umcebo wbao osemazweni aphesheya lwenza intelo engu-R2,9 billion ngonyakamali ezicelweni ezidlulisiwe ezingama-827 e-SVDP kusukela ezicelweni eziyi-2024 ezamukelwa. Lolu hlelo oluqhubeakyo lwe-Voluntary Disclosure Program luyaqhubeka nokusebenza kahle kanti selwenze R10.8 billion kusukela ngonyaka wezi-2012 ngenkathi kwethulwa i-VDP.

Abakwa-SARS baqoqe R0.8 billion kumiklamo kazwelonke yabantu bamaBhizinisi Amakhulu. Lesi sinyathelo sasungulelwa ukuqinisekisa ukubona zinhlangothi zombili kuphrofayeli yebhizinisi lomkhokhintela njengoba kunesikweletusibopho sentelo.

Ngokusebenzisa indima 19(3) ye-Fourth Schedule yoMthetho weNtela yeMali engenayo, abakwa-SARS bangase bacele enye inkokhelo kubakhokhintela besikhashana ngokubheka izilinganiso zakamuva zesimo sezimali. Kulo nyaka abakwa-SARS baqoqe R10.7 billion ngokusebenzisa iNdim 19(3).

Kunoma yisiphi isiphathimandla sentela, ukuthobela intela kubalulekile ekusebenzeni kwemali engenayo. Abakwa-SARS babona ukwehla ekuthobeleni njengoba kuveziwe ekukhuleni okuphelele kuwo wonke amaphepha okubuyisa intelo angakabuyiswa kuzo zonke izintelo. Okukhathaza kakhulu ukunyuka kwamabhizinisi angawabuyisi amaphepha entela afana ne-VAT kanye ne-PAYE eqoqwe egameni labakwa-SARS. Sesinyuse amasokisi ezinhlwini zokuya ebantwini nokuphoqelela umthetho kanti futhi izikhungo zethu zezingcingo kanye namahhovisi zishaye abakhokhintela abangaphezulu kwesigidi esisodwa. Umkhankaso wethu wokubuyiswa kwamaphepha entela uzokwenziwa ngcono kulo nyaka ukuze kulawulwe lokhu. Abakwa-SARS bahlanganyela noMnyango wezoBulungiswa ukuze basheshise ukushushiswa kwamacala amayelana nentelo.

Phezu kokuncipha kokuthobela, abakhokhintela abaningi bayaqhubeka nokugcina izibophezelo zabo zentelo ngokuthembeka. Namuhla abakwa-SARS bafuna ukubonga kakhulu kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika ngegalelo labo ekukhuleni nasekuthuthukeni kwekusasa lethu.

Sifuna ukubonga ukuzinikela nokusebenza ngobungoti kumalungu angabasebenzi abayi-13 500 abamelane nezinsalelo eziningi kwa-SARS, begcina ukwenganyelwa kwentela kusendleleni eyiyo.

[Bona imifanekiso echaza ukusebenza kwezintelo nezimboni ezahlukene.](#)

[Bheka amathebuli ngezansi:](#)

- Ithebuli 1: Imali engenayo eqoqiwe ku-2017/18 uma kuqhathaniswa neziLinganiso zango-2018
- Ithebuli 2: Imali engenayo eqoqiwe ku-2014/15 kuya ku-2016/17 kanye nokweHluka ngamaRandi esigidi nangephesenti
- Ithebuli 3: iNtelo yemali engenayo yenkampani i-Corporate Income Tax 2014/15 kuya ku-2016/17 kanye nokweHluka ngamaRandi esigidi nangephesenti